

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ WILLIES MCHUNU EMHLANGANWENI WE-CPF E-  
DRIEFONTEIN, EMNAMBITHI , MHLAKA 16 JANUARY 2011.**

Mphathi woHlelo;  
Inkosi yabaNtungwa;  
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;  
Amalungu eSishayamthetho;  
IMeya ehloniphekile;  
Amakhansela;  
Izinduna zamakhosi;  
Abombutho wamaphoyisa ase-South Africa;  
Abamele izinhlaka zomphakathi ngokwehlukana kwazo;  
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;  
Abezindaba;  
Bafowethu nodadewethu;  
Ngiyanibingelela nonke.

Mangithathe leli thuba nginamukele ngibonge kinina nonke enikwazile ukuba yingxenye yalo mhlango esiwuthatha njengobaluleke kakhulu kulomphakathi. Ukuba khona kwenu lapha kutshengisa intshisekelo eninayo yokwenza indawo yenu ibe ngephephile nenempumelelo. Namhlanje usuku esithi sifuna ngalo ukucobelelana ngolwazi nemibono, sixoxe ukuze siqhamuke nezisombululo ezizosiza wonke umuntu wale ndawo.

Mphathi wohlelo, lo mhlango ungumphumela wezinselelo engaphonselwa zona ngomhlaka 28 December 2010 kuyo le Nkantolo yeNkosi yeSizwe sabeNtungwa Kholwa kukhona yona iNkosi, Izinduna, Abama-CPF, abamaSonto, amaphoyisa aseBesters, abezeMpilo njengo–Sister Ndebele osethathe umhlalaphansi kanye neNduna yezinsizwa uMpembe namalunga omphakathi.

Mangisho ukuthi kulo Hulumeni ophethe njengamanje ukulwa nobugebengu kubekwe eqhulwini kanye nezinye izinhlelo ezibalulekile njengezempilo, ezemfundo, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokwakhiwa kwamathuba emisebenzi asezingeni elifanele. Ukubhekana nezimo ezifana nalezi ezisihlanganisile namuhla, uHulumeni useqhamuke nendlela entsha yokulwa nobugebengu lapho sididiyela abantu abaqhamuka kuyoyonke imikhakha yempilo emphakathini ukuba babe yingxenye yomkhamkaso wethu.

Muningi-ke umsebenzi osuwenziwe ukuzama ukuqonda izinto ezahlukene eziholela ezingeni lobugebengu esibubonayo eNingizimu Afrika namhlanje. Okusithinta kakhulu kulo mhlango yilolu hlelo uHulumeni walesi fundazwe aseqhamuke nalo lokuhola umbimbi lokulwa nobugebengu esithi yi-Building A United Front Against Crime.

Lo mkhankaso usuqeda unyaka njengoba wethulwe eThekwini ngomhlaka 21 January 2010 nguNdunankulu uKhabazela sase siwusabalalisa ngokwezifunda thina njengoMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

Lapha sinxusa zonke izinhlaka zomphakathi ukuba zihlanganyele ndawonye embhidlangweni oqhubekayo wokunciphisa izinga lobugebengu esifundazweni ongaphansi kwalolu mbimbi esiwubiza ngo – Operation Hlasela. Sithi njengoHulumeni, abaholi bomphakathi ezinhlakeni ezahlukene nanjengamalungu omphakathi, kumele sithathe indawo yethu, sisebenzisane ndawonye ekutholeni izixazululo ezinkingeni zokuphepha esinazo neziphazamisa inhlalakahle yabantu bakithi.

Omunye wemigomo yalo mkhankaso ka-Operation Hlasela ngukuqiniswa kwezinhlaka zama-Community Policing Forum (CPFs), kuthi lapho zingekho khona sizisungulwe zihambisane nomthetho nenqubomgomo yokusungulwa kwalezi zinhlaka eshicilelwe.

Njengoba umbiko esiwutholayo usivezela ukuthi isiteshi samaphoyisa kwa-Besters sesibe nenkinga ngokungabi nohlaka lwe-CPF olusebenza ngendlela efanele isikhathi eside kusukela ngo-2005, mhlambe kungasiza ukuthi umuntu adlule ekuchazeni ngokusebenza kwama CPFs ngokuchaza kwale nqubomgomo ka-Hulumeni eshicilelwe.

Inqubomgomo esebenza ngaphansi kwe-SAPS Interim Regulations for Community Police Forums and Boards, ithi kungumsebenzi womphakathi siteshi ukusungula i-CPF esiteshini sakhe.

Ithi kufanele ngokomyalelo kaKhomishana wesifundazwe athathe izinyathelo zokusungula i-CPF, lapho kuzomeleleka yonke imikhakha yomphakathi wendawo isiteshi esisebenza kuyona.

Ichaza ithi kumele kuqale kubhekwe izinhlangano zomphakathi, izikhungo ezithile nezinye izinhlaka ezinothando lokubamba iqhaza kanye nomphakathi jikelele, bese beyachazelwa kabanzi ngezinjongo ze-CPF. Yilapho-ke la kumele kuqokwe abantu abazokuba yikomidi lokuhlela ngokubambisana noMphakathi Siteshi ukusungula i-CPF. Akumele futhi kube nendlela yokufakana ngobungani kulolu hlaka lwe-CPF.

Umsebenzi waleli komidi esithi i-Steering Committee, ukuhlela libambe imihlangano yomphakathi lichaze ngokusebenza kwayo, ukuthi abantu bangasiza kanjani ukulekelela ukusebenza kwayo, futhi yini abangayizuzisa ngokusebenza kwe-CPF. Kumele leli-komidi lithole emphakathini ukuthi ufisa i-Forum yawo isebenze kanjani. Ngemuva kwalokho kumele kwenziwe uhlaka lomthethosisekelo bese kugcotshwa i-Forum ngokusemthethweni okuyiyona eyamukela ngokomthetho uMthethosisekelo. Uma i-Forum izohlale ilandela uMthethosisekelo ekusebenzeni kwayo, izingqinamba esiye sizibone kwezinye izindawo zingaba yiphupho.

Ngakho-ke namhlanje sithi sizovala isahluko esidala sivule esisha esithi sizobambisana sonke ekulweni nobugebengu endaweni yethu. Sizoyeka ukubuka ubugebengu njengento esikhalisayo kodwa sibe singenzi lutho ngayo. Kunalokho sizokweseka u-'Operation Hlasela' ngokuhlanganyela, nangendlela enobuchule futhi eqonde ngqo kulokho esikufunayo.

Siyazi ukuthi njengoba udaba lwalapha seludale ukudideka kwabaningi, sekukhona abasebenzisa lelo thuba ukufeza izinhloso zabo zobugebengu. Sesitholile nokuthi kwezinye izindawo kunamalungu omphakathi aphikisana nokubakhona kwe-CPF lapha ngoba befuna ukugila imikhuba yokuntshontsha imfuyo.

Kulabo sithi siyakhonza kubona ngoba vele ngisho noNgqongqoshe kazwelonke wamaPhoyisa uNyambose uvumelana nathi ukuthi lolu hlobo lobugebengu kufanele lukhushulwe lubekwe ezingeni elifanayo nalelo lobugebengu obubekwe eqhulwini. Siyazi futhi ukuthi amaphoyisa abhekeke ukuba abe namandla nezinsizakusebenza ezingcono njengezimoto zokufinyelela lapho kwenziwa khona ubugebengu ukuze kuliwe nokwebiwa kwemfuyo.

Phela ukwebiwa kwemfuyo kufana nokubanjwa kwemoto yemali. Kulahlekiela abantu abampofu ngomnotho nefa abachitha isikhathi esiningi bekwakha ukuze baphile. Umehluko wukuthi amabhizinisi wona azivikela ngemishwalense ezigamekweni ezinjena, kodwa umuntu ompofu yena isehlo esinjena siyicekela phansi yonke impilo yakhe ngesikhathi esisodwa. Kuyinhloso yethu-ke njengoMnyango ukuvikela abangakwazi ukuzivikela ngokubhekana nalezo zigameko zokwebiwa kwemfuyo ngenhloso yokubuyisa ithemba labantu emaphoyiseni njengoba kukhona umoya othi kulendawo abantu abalutholi usizo emaphoyiseni.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngifisa ukugcizelela nendaba yokusungulwa kwamakomidi emigwaqo (Street Committees) azogqugquzela ezokuphepha ezindaweni esihlala kuzona njengesiphakamiso sikaMongameli wezwe uMsholozzi. Ama-CPF esikhuluma ngawo lapha yiwona esibheke ukuthi abe neqhaza ekwakhiweni nasekuqinisekiseni ukusimama kwalama komidi. Angahluka amagama kodwa umsebenzi uwodwa.

Sinxusa futhi nezinhloko zezeMpilo nokuPhepha koMasipala ukuba nazo zisebenze ngokubambisana nama-CPF ekwakhiweni nasekugcinweni kwamakomidi emigwaqo.

Okokugcina, lapha sizohlaba ikhwela lokuba sibambisane ekulweni nobugebengu. Okubaluleke kakhulu ukuthi umuntu ngamunye, imindeni nemiphakathi, kumele ibambe iqhaza kakhulu ekwakheni uhlobo lomphakathi esifuna ukuphila kuwo.

Iningi labantu livumelana noHulumeni wentando yeningi ekutheni umuntu ophilayo kulelizwe unelungelo lokuphila emphakathini okhululekile ongenakwesaba ngenxa yobugebengu nodlame. Sonke siyavumelana ukuthi imiphakathi yethu inelungelo lokuba ubambisane nezinhlaka zikaHulumeni ezibandakanya amaPhoyisa nezinye izakhiwo ezigcina umthetho emphakathini nasemigwaqeni, ukuze sakhe usikompilo lokuthula, ukuphepha kanye nenhlalakahle. Yilolu sikompilo esithi sifisa ukulidlulisela nasesizukulwaneni sethu esizayo.

Ngaphezu kwakho konke okuzoshiwo kulo mhlango namhlanje, ngicela nikhumbule ukuthi lolu hlelo lwama-CPF ngolwabantu. Luzophumelela ngokuzibophezelela kwenu ukuba kube olwabantu ngokwenza izimfuno zabo.

Sikhumbule futhi ukuthi uSathane uyazisebenzisa izandla ezingenzi lutho, ngakho kubalulekile ukuba siqinisekise ukuthi abantu banikwa amathuba okuba benze izinto eziphusile ngezimpilo zabo. Ngalawo mazwi nje ngithi lusezithebeni bakwethu.

**Ngiyabonga**